Ilanga lase Natal, 2 April 1920.

| | |
|---|---|
| NEWSPAPER: | *Ilanga lase Natal* |
| DATE: | 2 April 1920, p2. |

LEGEND:
[ ? ] incomplete, illegible word(s)
[ ] notes and words by transcriber

OFFENSIVE WORDS/TERMS: Nil

TRANSCRIBER:
Sizakele Gumede for FHYA, 2022.
Student, MA in Historical Studies, UCT.

CONTENTS:
School time table, staff and list of students at Bishop Colenso's school. In the original article in the newspaper, there is no number 26 in the list.

# Ukutunywa kukaSobantu

(Iqutshwa kwelidhlule)

Ngesikati besabutana abafana uSobantu wabe ehlezi kuleyondhlu esenginitshele yona emGungundh'ovu, lapo kwazalelwa kona indodakazi yake yokugcina uSineke. Kepa wabe ejwayele ukufika ngamaSonto [asekukuleka?] emzini osenzansi, lapa kwakusontelwa kona ingakakiwa indhlu yeSchool Ekukanyeni eyabe ibizwa ngokuti "St. John's". Abafana nabantu bonke beza basontela lapo sebevame ukupelela bonke ababebutwa.

Kwakukona isalukazi esasibabonisa abafana, esasibapakela ukudhla sibageze nokubageza laba abasahluleka ukuzigeza, igama laso kunguSara, esasinendodakazi yaso uNozindaba nomfanyana uSishishili. UNozindaba lowo wagcina ngokwendela kuNonjuzela. Nguye owazala indodana uMgwadhlu oyinkosana osekumi yena njengoba uNonjuzela engaseko nje namuhla.

VI. Zabutana-ke izingane zivela ezindaweni ngezindawo.

1. uZatshuke kaMbeswa wakwaNgubane induna kaSomtseu wakipa uNdiane (emzini wakwaSijabhile)
2. UMazwi wakwaZondo wakipa uMqikela
3. UNgoza kaLudaba wakwaMajozi wakipa uLuntshungu noMdhliwamafa (emizini yake emibili kwaNgabayena naseNhlanhleni
4. uMfulatelwa kaLudaba wakipa uNsibansiba Emgwajweni, noMavuka Enyatini
5. uNondenisa kaMabhangwini wasemaTulini wakipa uBubi
6. uFunwayo kaMpopomo wakwaLutuli wakipa uNgulube noMali noMpakama
7. uSogweba kaMasekwana wakwaNtuli wakipa uMlandela
8. uJojo kaBhilibane wakipa uNovanywa
9. uJojo kaSotshokoyi wakipa uMavungavunga
10. uNozitshina kaManxusa wakipa uKali noMlandu
11. uNonzwenzwe kaMlalazi wakipa uMakankama
12. uMagwaza kaMatomela wakwaNgcobo wakipa uSkelemu noMlinganeka Manawami
13. uMangqatsha kaSimenuku wakwaHlela wakipa uFani
14. uKayeni kaZiweni wakwaMkize wakipa uMabomvana

15. uMangena kaNokupeta wasemaNkwanyabeni wakipa uBhobhiyana noSinda kaMfutwana.
16. uNtunja kaMtotiya wakwaNgcobo wakipa uMdwebu
17. uMvunyelwa wakwaZulu wakipa uQomintaba
18. uMahambehlala wakwaDhlamini wakipa uMpizayonke
19. uMbange wakwoZatshuke wakipa uBaketaze
    uSontshenge wakwaMapumulo wakipa uMankentshane
21. uMvubu kaTshongwe wakwaMkize wakipa uMavumengwana
22. uNtenteni wakwaMajozi wakipa uNkolwane
23. uBoy wasemaZelemini wakipa uMzilingane
24. Kepa bakona ababili engingasaqondi kahle oyise nezibongo zabo, oNkisimane noMakanda noFilip, ababepume ngakwaZatshuke
25. Bat'uba bafike laba bakaDuzane uJonathan Ngidi waleta umfowabo wokugcina uMbutiso.

27.Kwabanye kwafika uDaniel (weza kanye nodadewabo uMartha.)

Abafundisi ababefundisa kwaku oMr. Baugh noMr. Pigg beqala ukungena esikoleni ngo 9 o'clock wakusasa kuze kube ngo 1 o'clock. Bapinde bangene futi ngo 2 o'clock wantambama baze bapume ngo 2 o'clock ntambama [?].

Angitsho ukuti bapelele bonke ababebutiwe, sekukona nokukohlwa ngenxa yokudepa kwesikati. Ngingebe ngisaqinisa kahle ngendaba yaleyo nkati, kodwa bonke laba sengibalobile ngisabaqonda kahle.

VIII. Kwat'uba yakiwe ipele indhlu eSt. John's, eyabe yakiwe ngamaplangwe yonke, yafika kaloku inkosi nenkosikazi, sebeza nabantwana bobahlanu; kanye namakosazana amaningi oMisses Baker, Mcleau, Nisbett, Sophy, Finlason, Grice, nabanye. Abe emaningi amakosazana, angisawakumbuli kahle. Kwakukona futi amantombazana enkosikazi, oJane noMary ababevele ngasemNambiti; omunye lowo uMary wagcina ngokwendela kuMcanyana (owafika kanye nomNtwana uMkungo, owabe eseyibuto uDhlokwe, no Pansi ka Mvukela wasemaNtanjeni owagcina ngokwendela kuMpina wakwa Ngcobo ongumfowabo omncane ka Ntunja ka Mtotiya [?] Martha ka Daniel wakwa Radebe no Nozimpisi no Nondela owagcina ngokwendela ku Matshatshazane ka Dhlakela wase Masomini no Nomacala ka Qundane wakwa Qwabe no Zifaniso ka Mvubu wakwa Mkize owabuye wendela ku Qakaqa ka Bhunyana kanye no Ngcimezi ka Mangcuku ka Mpoko ka Nomhlanga udadewabo ka Hlalelwa wakwa Mkize owendela ku Stefane ka Ngwandhla umfowabo ka John Zulu Mtimkulu wase Edendale nabanye abaningi engingasabaqondi kahle.

(Isaqutshwa)